

Izinyathelo Zokuhlala Uphephile

Incwadi Yezindaba



Izinyathelo Zokuhlala Uphephile Incwadi Yezindaba

Le ncwadi ngeka:



© The A21 Campaign, Inc. 2022. Wonke amalungelo agodliwe.
Ayikho ingxenye yale ncwadi okumele ikhiqizwe kabusha, igcinwe ngesistimu yokuyenza
kabusha noma ithunyelwe nganoma yiluphi uhlelo noma nganoma iyiphi indlela,
ngezobuchwepheshe, ngomshini, ngokwenza amakhophi, ngokurekhoda noma
ngenye indlela, ngaphandle kokuthola kuqala imvume ye-A21 Campaign, Inc.
Xhumana ne-info@A21.org ukuze uthole kabanzi.



UMaria uneminyaka emihlanu. Uthanda ukudlala ibhola epaki eliseduze nomuzi kamkhulu wakhe.UMaria uvunyelwe ukuya epaki kodwa kuphela uma ehamba nomfowabo omdala uJuan (oneminyaka engu-16), hhayi yedwa. Umkhulu wakhe uhlale ezama ukwenza isiqiniseko sokuthi uphephile ekulimaleni.



Ngolunye usuku, uMaria wanquma ukungayi ekhaya ngemva kokudlala ibhola. Wayefuna ukuqhubeka nokuzilolonga, nakuba wayazi ukuthi kwakungafanele ahlale ngaphandle kukaJuan.



Esadlala kanjalo, wabona umuntu obukeka emjwayele.
Lowo muntu watshela uMaria ukuthi igama lakhe ngu-Abe,
wabuza ukuthi angalikhahlela yini naye ibhola. UMaria wazizwa
engakhululekile ngoba wayengamazi kahle, kodwa wathi, “yebo.”



Ngemva kokudlala isikhashana, u-Abe watshela uMaria ukuthi wayengumpetha ebholeni, okwenza izihlathi zikaMaria zaba bomvu. U-Abe wabe esethinta izihlathi zikaMaria ezasezibomvu, qede wahleka. UMaria wayekade ezilolonga kanzima ngempela, ngakho wajabula lapho u-Abe ekubona lokho, kodwa wazizwa engakhululekile ukuthi umthinte ebusweni.



U-Abe wabuza uMaria ukuthi akafuni yini ukuyodlala ibhola epaki eliseduze nomuzi wakhe. Wathi kuMaria “Nginebhola elisha engizokunika lona uma uhamba nami!” UMaria waphendula, “Angivunyelwe ukuhamba ngaphandle kwemvume.” U-Abe wahleba, “Kwakubi-ke lokho, ngikujabulele ngempela ukudlala nawe. Kunganjani siyigcine kithi sobabili le ndaba, ibe yimfihlo yethu ekhethekile?”



U-Maria wacabanga ukuthi kungaba mnandi ukuba nebhola elisha kanye nemfihlo ekhethekile no-Abe ngoba kumnandi ukudlala naye. Kodwa futhi wayazi ukuthi umkhulu wakhe noJuan ngeke bajabule uma ebaqambela amanga. Ngakho wathi, “Cha, ngiyabonga!”



U-Abe wabukeka ethukuthela, okwamethusa uMaria. Wacosha ibhola nobhaka wathi uyagoduka. Lapho ephenduka ethi uyahamba, u-Abe wagxavuna ubhaka kaMaria wamemeza, “Yima!”



UMaria wehlisa amahlombe akhe wadedela ubhaka wakhe. Wamemeza kakhulu ukuze abanye abantu epaki bamuzwe wathi, “Awuyena umkhulu wami wena!”. U-Abe wajika ngokushesha wahamba, ngethemba lokuthi akekho ombonayo.



UMaria wagijimela komunye umama epaki
owayenezingane ezingontanga yakhe, wacela usizo.




Lo mama ngomusa wambamba ngesandla wamsiza ukuba
agoduke ngokuphepha.



UMaria watshela umkhulu wakhe lokho u-Abe ayemcele ukuba akugcine kuyimfihlo. Umkhulu wakhe wamhaga, wathi, “Ungakhathazeki, wenze kahle kakhulu. Ngizobiza amaphoyisa ngiwatshela ukuthi kwenzekeni.”

Abangani Bokuphepha




Abangani Bokuphepha. Leli yithuluzi lami lokuphepha elingisiza ngikhumbule abantu abadala abahlanu engibathembayo engingakhuluma nabo uma ngizizwa ngingaphephile.

Ukuthintwa Okuphephile Nokungaphephile



Ngiyazi ukuthi ukuthintwa ngokuphephile kuyacelwa futhi kufanele ngithintwe kuphela uma ngithe “yebo.” Ukuthintwa okungaphephile angikufuni futhi kungenza ngizizwe ngingakhululekile, ngesaba, futhi akufanele kugcinwe kuyimfihlo.

Inombolo Yocingo



Nayi inombolo yocingo engingayishayela uma ngidinga usizo. Ngingashayele naku-**0800-222-777** uma kunesimo esiphuthumayo.



@A21



info@a21.org

www.A21.org

